



# basic education

Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2016

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 100

Le memorandamu inamakhasi ayi-16.

**ISIQEPHU A: AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-50]**

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
<b>OKUQUKETHWE &amp; UHLAKA/ UKUHLELA</b>  (Izimpendolo kanye nemibono) Ukuhlela imibono uyihlelela uhlaka Ukuqonda inhloso, izethameli kanye nesimo  <b>AMAMAKI ANGAMA-30</b>	Ingxenywe engenhlia	<b>28–30</b>	<b>22–24</b>	<b>16–18</b>	<b>10–12</b>	<b>4–6</b>
		-Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile. -Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekhombisa ukuvuthwa komqondo. -Ihleleke ngobunyoninco, ngokulandelana kanye nokuxhumana kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.	-Impendulo yakheke kahle. -Imibono eshaya emhlohlweni nehlabahlosile. -Ihleleke kahle kakhulu, inokulandelana kanye nokuxhumana kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.	-Impendulo eyanelisayo. -Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhlohlweni. -Ihleleke ngokusendimeni, inokulandelana nokuxhumana kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.	-Impendulo ikhombisa ukungahlangani -Imibono engacacile nokungeyona eyokuzisungulela -Kukhona okukhombisa ukuhlela okuncane nokulandelana.	-Impendulo enhlanhlathayo. -Imibono edidayo nenganembi. -Akuzwakali, kunokuphindaphinda. -Akukho ukuhlela kanye nokulandelana.
	Ingxenywe engezansi	<b>25–27</b>	<b>19–21</b>	<b>13–15</b>	<b>7–9</b>	<b>0–3</b>
		-Impendulo yinhle kakhulu kepha intula izimpawu ze-eseyi ezinembayo. -Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipha. -Ikhombisa ikhono lokuhlela, ukulandelana kanye nokuxhumana kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.	-Impendulo yakheke kahle. -Imibono ehambisanayo nendaba nehlabahlosile. -Ihleleke kahle, inokulandelana nokuxhumana kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.	-Impendulo enembayo kodwa intula ukucacisa. -Imibono iyalandelana ngokusendimeni futhi iyamukeleka. -Kukhona okukhomba ukuhlela, ukulandelana kanye nokuxhumana kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.	-Impendulo engashayi emhlohlweni. -Imibono ithanda ukuba nhlakanhlaka futhi iyadida. -Ukuhlela kanye nokulandelana akukho.	-Ayikho imizamo ekhombisa ukuphendula ngesihloko. -Akuhambisani nesihloko futhi akufanelene. -Akuqondene nesihloko futhi kuphithene.

**AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-50] (kuyaqhubeka)**

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
		<b>14–15</b>	<b>11–12</b>	<b>8–9</b>	<b>5–6</b>	<b>0–3</b>
<b>ULIMI, ISITAYELA &amp; UKULUNGISA AMAPHUTHA</b>  Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso/umthelela kanye nesimo Ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, uhlelo kanye nesipelingi.  <b>AMAMAKI AYI-15</b>	<b>Ingxenye engenhlia</b>	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle ngokwedlulele nenhloso, izethameli kanye nesimo. -Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu. -Akunamaphutha nhlobo ohlelweni kanye nesipelingi. -Ikhombisa ikhono eliphezulu kakhulu lokubumba.	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo. -Ulimi lufanelekile. -Kukhombisa ukungabi namaphutha amaningi ohlelweni kanye nesipelingi. -Ibumbeke kahle kakhulu.	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokusendimeni nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo -Kusetshenziswe amasu obuciko ukukhulisa okuqukethwe. - Kunamaphutha amaningana ohlelo nesipelingi.	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokungagculisi nenhloso, izethameli kanye nesimo. -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo akugculisi. -Kusetshenziswe amasu obuciko ngokungagculisi ukukhulisa okuqukethwe. - Maningi kakhulu amaphutha ohlelo nesipelingi.	-Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo. -Ulimi aluqondakali. -Ulwazimagama luncane kakhulu okwenza kube lukhuni ukuqonda indaba. -Uhlelo nesipelingi kukhombisa ukuba yinkinga kakhulu.
	<b>Ingxenye engezansi</b>	<b>13</b> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo. -Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka. -Akunamaphutha angakanani ohlelweni kanye nesipelingi. -Ikhombise ikhono eliphezule lokubumba.	<b>10</b> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokusezingeni nenhloso, izethameli kanye nesimo. -Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile -Kukhombisa ukuba namaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle	<b>7</b> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokugculisayo nenhloso, izethameli kanye nesimo. -Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa. -Ukusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo. - Maningi amaphutha ohlelo nesipelingi.	<b>4</b> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama akuhambisani kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo. -Ukusetshenziswa kolimi okungekho endimeni. -Imisho enhlobonhlobo imbalwa noma ayikho. -Ulwazimagama olunomkhawulo. - Maningi ngokwedlulele amaphutha ohlelo nesipelingi.	

	5	4	3	2	0-1
<b>ISAKHIWO</b> Izimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwemisho  <b>AMAMAKI AYISI-5</b>	-Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo. -Ukucacisa okunembayo -Imisho, izigaba kwakheke kahle kakhulu.	-Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba. -Ukulandelana nokuhleleka kwezigaba. -Imisho, izigaba kuyalandelana futhi kuxubile.	-Ukuthuthuka kwendaba okulindelekile. -Imisho, izigaba kuhleleke kahle. -I-eseyi isenawo umqondo.	-Amaphuzu ambalwa azwakalayo. -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha. -I-eseyi isenawo umqondo noma inamaphutha.	-Amaphuzu awatholakali. -Imisho kanye nezigaba akuhlelekile. -I-eseyi ayinamqondo.
<b>UKWABIWA KWAMAMAKI</b>	<b>43-50</b>	<b>33-40</b>	<b>23-30</b>	<b>13-20</b>	<b>0-10</b>

**Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:**

- Q: Okuqokethwe
- Sk: Isakhiwo
- L : Ulimi
- St: Isitayela
- Pt: Amaphutha
- HI: Uhlaka

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:**

- QHI =30 (25+5)
- LSP =15 (8+4+3)
- Sk = 05

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:**

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.  
 PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.  
 L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.  
 // – khombisa isigaba esisha.  
 NK – inkathi engemukelekile.  
 GL – amagama awalandelani ngokufanele.  
 R – irejista.  
 KM – akwenzi umqondo.

ISIV. – isivumelwano esingavumelani.

AK – akudingekile.

^ – kunegama elingekho.

GN – igama elingcono.

/ – ukwehlukana amagama

() – ukuhlukanisa amagama

Pp – ukuphindaphinda amagama

**OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)**

- Isingeniso: Siyaheha, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba.
- Umzimba:
  - (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
  - (ii) Izigaba zihleleke kahle / umqondo osekelayo.
  - (iii) Umbhalo nombhalo mawuhambelane nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
- Isiphetho:
  - (i) Siyisigaba esisodwa.
  - (ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
  - (iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa / ukweluleka / ukuxolisa.

**OKULINDELEKILE:**

<p><b>1.1 Kwangisiza Ukukhuluma Iqiniso.</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Makusetshenziswe inkathi edlule.</li> </ul> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukubaluleka kokukhuluma iqiniso.</li> <li>• Kubani, kuphi futhi nini?</li> <li>• Kwakwenzenjani uze uphoqelegele ukukhuluma iqiniso (inkinga owawubhekene nayo)?</li> <li>• Isizathu esakwenza ukuthi ukhulume iqiniso.</li> <li>• Abantu abathinteka ngokukhuluma iqiniso.</li> <li>• Kwakusiza ngani ukukhuluma iqiniso?</li> <li>• Yisiphi isifundo owasithola?</li> <li>• Yisiphi isinqumo owasithatha?</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>	<p><b>1.2 Ayikho Indawo Efana Nekhaya.</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Abafundi bangasebenzisa inkathi efanele.</li> </ul> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Liyini ikhaya?</li> <li>• Ukubaluleka kwekhaya.</li> <li>• Abantu abenza ikhaya libaluleke.</li> <li>• Imfudumalo/ubudlelwano/imfundiso/imvelaphi namasiko asekhaya.</li> <li>• Imiphumela yokungalihloniphi ikhaya.</li> <li>• Iseluleko ngokubaluleka kwekhaya.</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>	<p><b>1.3 Ukunqamuka Kwamandla Kagesi (Load Shedding) Kwaletsa Izinkinga.</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Makusetshenziswe inkathi edlule.</li> </ul> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Chaza isihloko ngamafuphi nokuthi kwenzeka nini lokhu kunqamuka kukagesi kanye nendawo lapho kwaletsa khona izinkinga.</li> <li>• Izizathu zokunqamuka kwamandla kagesi?</li> <li>• Izinkinga ezadalwa ukunqamuka kwamandla kagesi: <ul style="list-style-type: none"> <li>- empilweni yabantu.</li> <li>- emakhaya nasezikoleni.</li> <li>- emabhizinisini.</li> <li>- kwezokuthutha.</li> <li>- zaxazululeka kanjani lezi zinkinga?</li> </ul> </li> <li>• Umbono wakho ngokungenziwa ukunqanda lesi simo.</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>
<p><b>1.4 Ubuhle Nobubi Bokufunda Imiyalezo Kumakhalekhukhwini Okungewona Owakho.</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Makusetshenziswe inkathi yamanje.</li> </ul> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Chaza kafushane ngemiyalezo etholakala nethunyelwa ngomakhalekhukhwini.</li> </ul> <p><b>Ubuhle:</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukufunda izindlela zokubhala nokuthumela imiyalezo.</li> </ul>	<p><b>1.5 INingizimu Afrika Seyikulungele Yini Ukuba Nemfundo Yamahhala?</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Makusetshenziswe inkathi yamanje.</li> </ul> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Chaza kafushane ukuthi yini imfundo yamahhala?</li> </ul> <p><b>Evumayo:</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Wonke umuntu unelungelo lemfundo.</li> <li>• Imali eningi ifakwa eMnyangweni weMfundo.</li> <li>• Izikhungo zemfundo kanye nothisha kukhona.</li> </ul>	<p><b>1.6.1 Isithombe</b></p> <p><b>Nikeza indaba isihloko esiyifanele. Izihloko ziyokwehluka.</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Izihloko ziyokwehluka.</li> <li>• Inkululeko.</li> <li>• Yini ebiyingcindezi?</li> <li>• Ufike kanjani kule nkululeko?</li> <li>• Obani abamsizile?</li> <li>• Imizwa ngokukhululeka kwakhe.</li> </ul>

<ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukubona izithombe ongenazo kowakho umakhalekhukhwini.</li> <li>• Ukwazi kabanzi ngomnikazi kamakhalekhukhwini.</li> <li>• Ukumsiza ukuba asheshe ayithole imiyalezo yakhe.</li> </ul> <p><b>Ububi:</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukungahloniphi ilungelo lemfiho yomunye umuntu.</li> <li>• Ukuqala ingxabano/uchuku.</li> <li>• Ukuqeda ukuthembana.</li> <li>• Ungagcina sewuzwa izindaba ezizokuphatha kabi nawe.</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>	<p><b>Ephikisayo:</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• UHulumeni akanayo imali eyanele.</li> <li>• Abanye abantu banayo imali yokukhokhela imfundo.</li> <li>• Kukhona izinkampani ezinikela ngemifundaze/ngamabhasari.</li> <li>• Isimo semfundo nezingqalasizinda.</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>	<ul style="list-style-type: none"> <li>• Inqubekela phambili.</li> <li>• Izeluleko angazinika abanye abantu.</li> </ul> <p><b>QAPHELA:</b> Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi.</p>
<p>1.6.2 <b>Isithombe</b></p> <p><b>Nikeza indaba isihloko esiyifanele. Izihloko ziyokwehluka.</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukubaluleka kwesikhathi.</li> <li>• Ukuhlela isikhathi sakho.</li> <li>• Ukuhlonipha isikhathi.</li> <li>• Imiphumela yokwazisa isikhathi.</li> <li>• Umbono ngokwazisa isikhathi.</li> </ul> <p><b>QAPHELA:</b> Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi.</p>	<p>1.6.3 <b>Isithombe</b></p> <p><b>Nikeza indaba isihloko esiyifanele. Izihloko ziyokwehluka.</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukubaluleka kwemali.</li> <li>• Ubuhle nobubi bokuba nemali.</li> <li>• Ukuphathwa kwemali.</li> <li>• Izindlela zokwenza imali.</li> <li>• Izeluleko ngemali.</li> </ul> <p><b>QAPHELA:</b> Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi.</p>	

**ISIQEPHU B: AMARUBRIKI OKUHLOLA UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA  
[AMAMAKI ANGAMA-30]**

Okungabonwa ngakho	Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
<b>OKUQUKETHWE, UKUHLELA NESAKHIWO</b>  Impendulo kanye nemibono Ukuhlela imibono Inhloso, izethameli, izakhiwo nezimiso kanye nesimo  <b>AMAMAKI AYI-18</b>	<b>15–18</b>  -Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile. -Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo. -Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo. -Umbhalo unamathele esihlokweni. -Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana. -Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko. -Isakhiwo esifanele nesicacile.	<b>11–14</b>  -Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo. -Inamathele esihlokweni -Akunamaphutha amaningi. -Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko. -Isakhiwo esifanele esingenamaphutha amaningi.	<b>8–10</b>  -Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo. -Ayinamathele kahle esihlokweni. -Inamaphutha ambalwa. -Ukulandelana kwemibono kokuqukethwe kufanelekile. -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko. -Isakhiwo esifanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa.	<b>5–7</b>  -Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo. -Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunamaphutha amaningi. -Ukulandelana kwamaphuzu kokuqukethwe kubuye kungabonakali. -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko. -Usebenzise ngokunganele imithetho yesakhiwo. -Kukhona okumbalwa okubalulekile.	<b>0–4</b>  -Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo. -Umbhalo uyanhlanhlatha, kunamaphutha amaningi kakhulu. -Imibono ayilandelani nhlobo. -Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko. -Akasebenzisanga nhlobo imithetho yesakhiwo.
<b>ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA</b>  Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo. Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso. Ukukhethwa kwamagama, izimpawu zokuloba kanye nesipelingi <b>AMAMAKI AYI-12</b>	<b>10–12</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo. -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu. -Akunamaphutha nhlobo.	<b>8–9</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo. -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle. -Akunamaphutha amaningi.	<b>6–7</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo. -Kunamaphutha ambalwa. -Amaphutha awawuphazamisi umqondo.	<b>4–5</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo. -Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi. -Umqondo ufiphele.	<b>0–3</b>  -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo. -Kugcwele amaphutha futhi kuyadida. -Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu.
<b>UKWABIWA KWAMAMAKI</b>	<b>25–30</b>	<b>19–23</b>	<b>14–17</b>	<b>9–12</b>	<b>0–7</b>

**Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:**

- Q : Okuqukethwe
- Sk : Isakhiwo
- L : Ulimi
- St : Isitayela
- Pt : Amaphutha

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:**

- QSk = 18
- LSP = 12 (7+3+2)

**OKULINDELEKILE:****2.1 INCWADI YOBUNGANI**

- Ikheli lobhalayo alibe ngasesandleni sokudla lihamba nosuku. Isib. (16 kuNdasa 2016 / 16 Mashi 2016 / 03.16.2016 /16/03/2016).
- Isibingelelo masiveze ubudlelwano.
- Makusetshenziswe ulimi olukhululekile.
- Esigabeni sokuqala/isingeniso makuvele ukuthi bayazana nalowo obhalelwayo.
- Esigabeni sesibili umfundi makabhale inhloso yokubhala incwadi.
- Isiphetho masibe sifishane sikhombise ubudlelwano.
- Isivaleliso:  
Yimina umzala wakho  
uJabulile

- Okulindelekile: (i) Isingeniso.  
(ii) Umzimba ungaba yizigaba ezintathu.  
(iii) Isiphetho masiveze ukwazana.  
(iv) Amagama awabe inani elifanele.

**2.2 IKHARIKHULAMU VITHAYE (CV) KANYE NENCWADI EYISIPHELEKEZELO (COVERING LETTER)****IKHARIKHULAMU VITHAYE (CV)**

- Imininingwane eqondene nawe.
- Imininingwane eqondene nemfundo.
- Imininingwane eqondene nomsebenzi.
- Imininingwane eqondene nofakazi.

**Isibonelo sekharikhulamu vithaye:****IKHARIKHULAMU VITHAYE KALINDA MHLONGO****1. IMINININGWANE EPHATHELENE NAMI**

Isibongo : Mhlongo  
 Igama : Linda  
 Usuku Lokuzalwa : 17 Juni/kuNhlangulana 1999  
 Inombolo kamazisi : 990617 0504 081  
 Izwe engazalelwa kulo : INingizimu Afrika  
 Ubulili : Isilisa  
 Ulimi olukhulunywa ekhaya : IsiZulu  
 Ezinye izilimi : IsiNgisi nesiXhosa  
 Ikheli lasekhaya : 27 Kiza Rd, Maramba Town, 2986  
 Inombolo yocingo : 082 871 3782  
 I-imeyili : lindamhlo@gmail.com

**2. IMINININGWANE EPHATHELENE NEMFUNDO**

Ikilasi engilenzayo : Ibanga le-12  
 Igama lesikole : Vuma High School  
 Izifundo engizenzayo : IsiZulu, IsiNgisi, i-Maths, i-Physical Science, i-Life Orientation, ne-Life Sciences

**3. IMINININGWANE EPHATHELENE NEMPILO YANGASESE**

Umculo  
 Ukupheka  
 Ukufunda amabhuku

**4. ABANTU OKUNGABUZWA KUBO NGAMI/OFAKAZI**

Igama nesibongo: Mnu. BB Govender  
Isikhundla : Uthisha ongifundisa i-Maths  
Inombolo yocingo: 084 985 9785

Igama nesibongo: Nksz. JE Nzama  
Isikhundla : uMphathi Wabasha Esontweni  
Inombolo yocingo: 061 277 5073

**INCWADI EYISIPHELEKEZELO**

- Amakheli amabili.
- Isibingelelo.
- Isihloko sencwadi.
- Inqikithi emfishane: isingeniso nenhloso yokubhala incwadi.
- Isiphetho.

**Isibonelo:**

27 Kiza Road  
Maramba Town  
2986  
11 Novemba 2016

Mphathi wehhotela  
Phambili Hotel  
P.O.Box 567  
Bloemfontein  
2977

Mnumzane

ISICELO SOMSEBENZI WOKUBA UWETA./Isicelo Somsebenzi Wokuba Uweta.

Ngibone isikhangisi somsebenzi wokuba uweta ephaphandabeni Isolezwe langomhla we-10 Okthoba 2016.  
Ngibhala le ncwadi ukucela isikhala salo msebenzi.

Ngifake nekharikhulamu vithaye eneminingwane yami ephelele.

Ngijoyabula uma isicelo sami siphumelelile.

Yimina Ozithobayo  
uLinda Mhlongo (Mnu.)/(Nksz.)

**2.3 INDATSHANA (I-ATHIKHILI) YEPHEPHABHUKU.**

- Kumele kube nalezi zihlokwana ezilandelayo:
  - Makuvele igama lephephabhuku, usuku kanye negama lombhali.
  - Isihloko esihehayo.
  - Ihlukaniswe ngezigaba.
  - Kufanele ibhalwe njengendaba echazayo.
  - Mayiveze imizwa ehlukeneyabantu.
  - Mayiveze umbono walowo obhalayo.
  - Makube khona imibuzombumbulu uma idingeka.
- Amagama awabe inani elifanele.

**2.4 INKULUMO.**

- Kumele kubhekwe lokhu okulandelayo:
  - Isikhathi okwethulwa ngaso inkulumo.
  - Indawo.
  - Isizathu sokwethula le nkulumo.
  - Izethameli (abazali, othisha nabafundi).
  - Ulimi oluzozwakala/oluzokwaziwa yizo zonke izethameli.
  - Sebenzisa imisho emifishane.
- Isihloko
- Isingeniso: - Ukuvula inkulumo ngamazwi ahehayo.
  - Ukubingelela abantu ngezigaba zabo.
- Umzimba: - Hlela kahle amaphuzu alandelane.
  - Chaza kahle imbangela yenkulumo yakho.
  - Sebenzisa amagama akhombisa ukuncoma nokubonga.
  - Gwema amagama angafanelekile.
- Isiphetho: Ukusonga inkulumo yakho nokubonga.
- Amagama awabe inani elifanele.

**ISIQEPHU C: AMARUBRIKI OKUHLOLA UMBHALO OMFISHANE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA  
[AMAMAKI ANGAMA-20]**

<b>Okungabonwa ngakho</b>	<b>Okungavamile</b>	<b>Okunekhono</b>	<b>Okusendimeni</b>	<b>Okuqalisayo</b>	<b>Akwanelisi</b>
<b>OKUQUKETHWE, UKUHLELA NESAKHIWO</b>  Impendulo nemibono Ukuhlela imibono Izimpawu/Izimiso kanye nesimo  <b>AMAMAKI AYI-12</b>	<b>10–12</b>  -Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile. -Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo. -Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo. -Umbhalo unamathele esihlokweni. -Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana. -Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko. -Isakhiwo esifanele nesicacile.	<b>8–9</b>  -Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo. -Inamathele esihlokweni. -Akunamaphutha amaningi. -Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko. -Isakhiwo esifanele esinamaphushana.	<b>6–7</b>  -Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo. -Ayinamathele kahle esihlokweni. -Inamaphutha ambalwa -Ukulandelana kwemibono kokuqukethwe kufanelekile. -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko. -Isakhiwo esifanelekile kodwa esinamaphutha ambalwa.	<b>4–5</b>  -Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo. -Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunamaphutha amaningi. -Ukulandelana kwamaphuzu kokuqukethwe kubuye kungabonakali. -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko. -Usebenzise ngokunganele imithetho yesakhiwo. -Kukhona okumbalwa okubalulekile.	<b>0–3</b>  -Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo. -Umbhalo uyanhlanhlatha, kunamaphutha amaningi kakhulu. -Imibono ayilandelani nhlobo. -Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko. -Akayisebenzisanga nhlobo imithetho yesakhiwo.
<b>ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA</b>  Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo. Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso. Ukukhethwa kwamagama izimpawu zokuloba kanye nesipelingi.  <b>AMAMAKI AYISI-8</b>	<b>7–8</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo. -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu. -Akunamaphutha nhlobo.	<b>5–6</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle -Akunamaphutha amaningi.	<b>4</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo. -Uhlelo lufanelekile futhi lusendimeni. -Kunamaphutha ambalwa.	<b>3</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo. -Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi. -Umqondo ufiphele.	<b>0–2</b>  -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo. -Kugcwele amaphutha futhi kuyadida. -Ulwazimagama aluhambisani nenhloso. -Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu.
<b>UKWABIWA KWAMAMAKI</b>	<b>17–20</b>	<b>13–15</b>	<b>10–11</b>	<b>7–8</b>	<b>0–5</b>

**Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:**

- Q : Okuqukethwe
- Sk : Isakhiwo
- L : Ulimi
- St : Isitayela
- Pt : Amaphutha

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:**

- QSk = 12
- LSP = 08 (4+2+2)

**OKULINDELEKILE:**

**3.1 IKHADI LESIMEMO.**

- Malifakwe ebhokisini.
- Amagama omemayo.
- Abamenywayo - Intsha yaseMpumalanga.
- Ulimi olusetshenzisiwe.
- Imininingwane elindelekile:
  - Usuku.
  - Indawo.
  - Isikhathi.
  - Isikhulumi sosuku.
  - Izinombolo zocingo/umakhalekhukhwini.
- Amagama awabe inani elifanele.

**3.2 IPHOSIKHADI.**

- Alifakwe ebhokisini.
- Ikheli lobhalelwayo.
- Isitembu saseposini.
- Usuku nendawo lapho livela khona.
- Ukubingelela.
- Umyalezo mawunamathele esihlokweni.
- Ukuvaelisa.
- Amagama awabe inani elifanele.

### 3.3 IMIYALELO

- Ayihlelwe ngamaphuzu.
- Ukukhala kwe-alamu ngendlela ehluke/Ukukhala kwensimbi/Ukumemeza ngombobho.
- Kumele uthule du.
- Ukuyeka okwenzayo ulalele umyalelo.
- Qoqa yonke into oyisebenzisayo uyibeke lapho ukhona.
- Phuma ngaphandle kwelasi ume kulayini.
- Landela uthisha noma oniholayo ukuya lapho okuhlanganelwa khona.
- Qikelela ukuthi nihamba ngomzila obekelwe ukuphuma ngokuphepha.
- Lalela uthisha uma esebiza amagama enu.
- Lindela imiyalelo enizoyinikwa uthishanhlolo.
- Emva kokuqiniseka ukuthi ayikho ingozi nizobuyela emakilasini.
- Uma imiyalelo ingalandelwanga ngokufanele, abafundi baqaliswa phansi.
- Amagama awabe inani elifanele.

### OKULINDELEKILE MAYELANA NOBUDE NOBUFISHANE BEMIBHALO

- Uma amagama eke noma ehle esukela kweli-1 kuya kwayi-5 kuyokwamukeleka.
- Uma amagama eke noma ehle esukela kwayi-6 kuya kwayi-10 kuyosuswa imaki elilodwa.
- Uma amagama eke noma ehle esukela kwayi-11 kuya kwayi-15 kuyosuswa amamaki ama-2.
- Uma amagama eke noma ehle esukela kwayi-16 kuya kwangama-20 kuyosuswa amamaki ama-3.